

Sigweje and Swazi of Hlathikhulu

K13/163

1
7K13/
A/3/163

B.C.F. Vilakazi.

uSigweje nabantu bakhe-hlathikhulu (eselbank.)

uSigweje lona waghamuka eSwazini. Wayeyi nkosi encane ngaphansi kuka Sobusa. Naye wayenelakhe iqembu labantu ayelibusu kuhambe kwahamba uSigweje wezwa ngabafundisi abamhlophe ababe shumayela ivangeli elingcwele. Naye wafisa ukuba bafike eSwazini bazoshumayela khona. Umfundisi ezwa ngaye kwakungu Mneli owayehlala oSuthu.

Ngelenye ilanga wahamba wa e kuye umneli oSuthu.

Waya wafika khona oSuthu, babonana naye umfuuisi wabika eze ngakho uSigweje, bezwana impela. Waze wasuka umneli wayakhona eSwazini naye uSigweje belu indlela yabo eyihanjwa ngezingola.

2. uSigweje wansondo wenza isiphosiso ngokuba alande umlungu eze eswazini ngaphandle kwemvume ka Sobuza inko i enkulu uSobuza wakubuka ngolunye uhlangothi lokho ngoba phela wacabanga ukuthi uSigweje wayesefuna ukuzenza inkosi engaphezu kwakhe. Wakubuka kuyingozi wau esecamanga isu lokumbulala kanye nomfundisi wakhe umneli. Wase ephaka impi iya kobulala uSigweje nabantu bakhe kanye nomlungu wansondo.

Ithe impi yenkosи enkulu isiqonde khona emabaleni onizi wankosi usigweje kwanzeka into engandile eyasindisa impi kaSigweje kwanzeka lokhu.

3. Kwakukhona isilulu esasinommbile phakathi kukhona nembuza phakathi idla ummila lowo # ithe ukuba izwe izigi zempi yazama ukuphuma ithe ithi iyaphuma, yagaxeka ngezimponuo ehlonjeni wenzulu ingakaphumi. Ngomzimba won e sase siginaika isilulu, sigonda ngasempini kaSobuza. Impi ka Sobuza yethuka yafa luvalo ibona umhlolo engazange / iwubone yabaleka yonke ekaSobuza yadazuka yagcwala izinkalo zonke yasinda kanjalo akaSigweje kwela Sobuza.

Umfundisi no Sigweje base hebona kufanele ukuba bahambe ngoba bengendawo lapha enk sini enkulu. Neimpela hamba nabantuabaningi ababengalandeli babo. Basuka baqonda

oPongolo, bedlula baqonda emufuleni ogana loawo. "Ubivana" ba ika bakhe phakathi kwasizwe seba Nguni njoba phela obeNguni

babakhe emkhulu imizi lena.

Amazwazi lena ayehamba nezindhle izintombi phela ezamaswazi azidlali ebuhleni kwabe awazibomile amabutho nezinsizwa zabenguni.

Afuna ukuqomisa ezitombini zamaSwazi emazwazi athi ukuba akubone lokhu asecamanga ukuthi abeNguni bazo ahlasela ngakhoke asecambanga ukuhamba adlulele phambili.

4. Umfundisi qaqhubekela phambili nelinye iqembu eseqonde eMgungundlovu kwebanye abafundisi abase kekhona ngaleyonkathi phela ngelesosikhathiabantu base Diefontein (near Ladysmith) base bephucuzekale. Wahambake abanye khona eMgungundlovu wehla njalo eSwazini wawela uMzinyathi (Baffalo river) wedlula ngaseDundee. Wahamba wazewafinyelela lapho uyeqonde khona nabantu bakhe. Phela galenkathi basebehlukeno noSigweje ngoba yena wasala oPongolo nelinye iqembu.

EMgungundluvu abantu nakhona base bephucuzekile ngaleyonkathi abantu abasebekhona kwakuyilaba. Nxamalala, Zondi Zuma, Amaswazi afike ahlala eMbube ngaseRichmonda.

Emva kwesikhathi naye uSugweje wehla walandela umfundisi wakhe. uSigweje naye wabehamba nabantu bakhe. Ngoba umneli wayewathanda amaswazi wafisa ukuwathengela indawo.

5 Wazama waphumelela wawathengela wathenga lapha kwakhe khona abantu bakwallathikhulu namhlanjena, ngonyaka 1871.

Wasuka umneli eMgungundlovu w namadoda ayisishiyangalobili (8) ukuba bazobona indawo ethengiweyo. Amadoda afike alithanda eliniwa yilona kutheke ngawo unyaka 1871 basuka abantu bakaSigweje baya khona kwallathikhulu.

uSigweje no Mneli benza isivumelwana enwa kokuthengwa kwendawo. Ngokubona kwakhe uSigweje umsebenzi ongaka awenzela umneli wathi "Mfundisi, shono iholo lakho ngokungenyela umsebenzi ongaka. Waphendula umneli wathi cha akafuni holo lalutho kuphela ufuna isiza kwekhiwe kuso indlu emhlophe lapho kuyosontelwa khona isizwe sakhe isidumise uNkunkulunkulu.

6 Lendlu phela waykha ngoba ekhumbula uhambo lwabo/oluyingozi nencancamezela esaphuluka kuyo. Wathi ufunu nabantwana bafunulele kuyo. Nempela uSigwe je wayakha leyondlu yesivumelwano sabo nomneli. Ngikhuluma njena yiyo lena okufundela kuyo izingane zesikolek futhi kusontelwa kuyo. USigwe je wakubopha loku ukuthi akukho futhi elinye isonto eliyoba khona phakathi kwwalendawo ngaphandle kwe "Bantu Presbyterian Church of Sojuth Africa" Kuyamangalisa ukuzwa umqondo ophakeme kangaka kaSigwe je njengomuntu owayengafundile nekanci.

Futhi uSigwe je wathi kalelizwe kuyohlala ngisho nezintombi eseziphelelw imendo zibuye kulo. Nenxa engahlamlanga sikhathi eside ekubuseni kwakhe uSigwe je, kepha igama lakhe ilidumile kaMhulu ngenxa yenhlakanipho nengondo ekhaliphileyo ayenayo.

748

4 *

748

K13/163

usigweje. nusukoso varvum ngwane
oo oyindadana yakhe. "ya njubels" *)
74 wazala "ukbang" swaungala u Nicholas.

Ostadla amabeli emadodaneni akhe
usigweje uMoses Kunene okudranambla
lokwa sekpi nyugera yedwa umurta
ondala fowazi kahle lonke nhambu
lwabo nemisebenji kayise.

Zendawo kadiqweje kwa kuyindawo
enble kabi ekufugen'i impahla ngoba
injalanje ibanzi kabu. Kodwa
sekwathi ngakuningana kwempahla
nenizi selasa amagebugeru,
namagadule, kwathu sina izindonga
namatshe.

(END).

End.S.748.

By: B.C.F. Vilakazi,

Gholeni Govt. School

Klippoort Syndicate,

Waschbank P.O.

13 163